**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU ENKONZWENI YESIKHUMBUZO KWANONGOMA NGOMGQIBELO MHLAKA 10 APRIL 2010**

**Ngiyanibingelela nonke**

Ukuhlangana kwalolu hlobo yikona okwenza umuntu azibuze njalo ukuthi kanti kwakhala nyonini kubantu baseNingizimu Afrika emigwaqeni. IPhasika esiphuma kulona belingaqali ukuba khona kulo nyaka futhi bekungaqali ukuthi kube nezinhlelo zokuqinisekisa ukuthi abantu bayaphepha emigwaqeni ngalesi sikhathi.

Pho kanti yini okumele yenziwe futhi yenziwe ngubani? Mina ngisenezinyanga ezingu-8 kuphela ngikulo Mnyango kodwa izinto esengizibonile sezingenze ngadela. Ngideliswa ukubona indlela abantu abafa ngayo emigwaqeni nendlela abantu abanenkani ngayo emigwaqeni abangafuni ukugcina imithetho ebekelwe ukuphephisa bona uqobo.

Ngideliswa ngukubona isimo esizokwenza abanye abantu bagcine sebethi uhulumeni uyahluleka ukuqinisekisa ukuphepha kwabantu emgwaqeni, ekubeni sisebenza kanzima siqinisa imikhankaso yezokuphepha emgwaqeni futhi siqeqesha amaphoyisa omgwaqo ngokusezingeni ukuze abhekele ukugcinwa komthetho.

Ngideliswa ngukuthi singuhulumeni sithi sizimisele ukuletha impilo engcono kubantu ngentuthuko kodwa kuchitheke izimali nesikhathi ngenkathi sihlenga abantu ezingozini zomgwaqo iningi lazo ezenziwa ngamabomu ngabantu abangafuni ukulalela. Bheka nje, izolo besethula isabelomali soMnyango wezokuThutha esiShayamthetho eMgungundlovu, okusho ukuqala konyaka omusha wezimali.

Indawo yaKwaNongoma ngenye yezindawo ezisasilele emuva okumele sifike kuyona silethe intuthuko yemigwaqo. Kodwa buka manje ngiqala unyaka omusha ngokugcwaba abantu abafele emgwaqeni wona lona abanye kule ndawo abawudinga ngayo yonke indlela ukuze izimpilo zabo zibe ngcono.

Kanti kumele size senze njani ngempela? Namhlanje yini okumele siyisho kubazali nezihlobo zalezi zingane ezinhlanu ezihambe ngesihluku esinjena? Sizobaduduza sithini ukuze bakhohlwe ngamathemba abebenawo ngezingane zabo ezisafunda isikole ashabalaliswe ngukuthi kukhona owenze okungafanele akwenze?

Besikhona yini isidingo sokuziphatha emgwaqeni ngendlela ezogcina ifake imindeni yalezi zingane ezindlekweni njengoba ezinye zinabazali abangasebenzi ezinye zingenabo kwabona kodwa zibhekwe izihlobo zazo? Ngaphandle kokuthi kuyaziwa ukuthi akuvumelekile ukuthwala abantu ngemuva elolini, besikuphi isidingo sokuthi umshayeli aphuze utshwala ebe ethwele imiphefumulo emingaka uma kuyiqiniso ukuthi ubenza kanjalo?

Siyezwa ukuthi kwenzeka le ngozi nje, bekubuywa ememulweni okusho ukuthi bekuyojatshulwa. Kodwa sihlale sikugcizelela ngisho nangezikhathi zamaholide kaKhisimusi ukuthi abantu abaqinisekise ukuthi uma besebenzisa utshwala ekujabuleni kwabo njalo makube nomshayeli ongabuthinti utshwala. Uma kungenzeki lokho, *make no mistake,* sizogcina sesishiya imisebenzi yokuthuthukisa abantu bakithi sihambele izinkonzo ezinjangalena.

Ngokusho kwamaphoyisa kusolakala ukuthi umshayeli ubehamba ethenga utshwala yonke indlela esuka eNquthu wazinkunka ngabo wagcina esegijima kakhulu wahluleka ukulawula iloli endaweni eyijika, kodwa yena wakwazi ukugxuma aphume ngaphambi kokuthi iloli liphenduke libulale abantu.

Kuvamile-ke futhi ukuthi umuntu oyimbangela yengozi asinde yena. Amaphoyisa athi asalandela umkhondo wakhe okhonjwa eNquthu manje kanti nophenyo ngengozi lusaqhubeka. Kodwa noma sekungenzekani ngophenyo nakumshayeli, thina esikhuluma ngako manje ngukuthi izingane zabantu zihambile.

Nakuba engekho amazwi enele ukwelapha ubuhlungu enibuzwayo ngalesi sikhathi esinzima, kodwa sithi egameni likahulumeni waKwaZuulu-Natal duduzekani nina mindeni yalaba:

<table>
<tr><th>Name</th><th>Age</th><th>Gender</th><th>Occupation</th></tr>
<tr><td>1. Lungisani Nhlakanipho Zondo</td><td>18 Years</td><td>Male</td><td rowspan="4">Scholars at Falaza High School</td></tr>
<tr><td>2. Tshengisile Ndwadwe</td><td>18 Years</td><td>Female</td></tr>
<tr><td>3. Thabani Muzi Zungu</td><td>21 Years</td><td>Male</td></tr>
<tr><td>4. Sikhumbuzo Buthelezi</td><td>17 Years</td><td>Male</td></tr>
<tr><td>5. Thulisile Zungu</td><td>19 Year</td><td>Female</td><td rowspan="2">Former learner at Falaza</td></tr>
<tr><td></td><td></td><td></td></tr>
<tr><td></td><td></td><td></td><td></td></tr>
</table>

Siyazi ukuthi kukhona nabalimele abaselashwa, sithi nakubona egameni likahulumeni mabalulame ngokushesha.

Mangiphethe ngokugcizelela lapha ukuthi ezimweni ezinjengalezi uMnyango wezokuThutha unabasebenzi abalekelelayo ukuchushisa abashonelwe nabalimele ngemigudu yokubhalisela i-Road Accident Fund. Lokhu sikwenza mahhala, ngakho-ke ningavumi ukudlala abameli abangase baniqole izimali ze-RAF. Kodwa-ke asivimbi muntu phela ukuthi azisebenzisele ummeli wakhe uma ethanda ukwenza kanjalo. Esikucelayo ukubambisana kuko konke ngalesi sikhathi.

**Ngiyabonga**